**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lokuqala)**

**ISIKHATHI: 2 Amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B, no- C.
- Phendula yonke imibuzo.
- Izimpendulo mazihambisane nemibuzo zingaxovwa.
- Fundisisa umbuzo anduba uphendule.
- Ukubhala ngobunono kuyaziswa kakhulu.

## ISIGABA A

### UMBUZO 1
### ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

1.1 Funda indaba elandelayo bese uphendula imibuzo.

**I-Ophera**

1 Ngeke nikholwe uma nginitshela ukuthi bengikuphi ngoLwesithathu nanokuthi ngiboneni! Akusuki yini uNana athi make siye kolalela i-ophera *e-playhouse* khona lapha eThekwini. Aze asho nokuthi lena yehlukile ngoba ikhuluma ngeNkosazana yoHlanga eseyakhothama nedume ngelika-Princess Magogo kaDinizulu kaCetshwayo kaMpande kaSenzangakhona. Vumiyani mina. Phela ngiyazifela ngomculo. Ngalayeza ngoNtokozo ukuthi asale esesiphathela amathikithi okungena *e-computicket* ngoba phela akuvumelekile ukuba uwathenge emnyango. Asho asiphathele.

2 Angiwakholwanga amehlo ami uma sesifika sithola ukuthi kugcwele. Abantu babengangoZulu eya eMakheni. Kuyaphithiza nje okwezimpethu zendlovu. Ngeke usho nokuthi izulu likhiphe ikhomazi amakhaza ashubisa umnkantsha. Cishe usuyazibuza nje ukuthi kanti yini yona i-ophera uma sekuphume nesinedolo kwelikaMthaniya nje, kube kusebusuku nokwenza. Ngizothi nje jwaphu nge-ophera qede ngibuyele endabeni yami.

3 Phela kuthiwa i-ophera yadabuka kwelase Ntaliyane. I-ophera lena yingcwenga yomculo okudume ukuthi iqanjwa abantu abanekhono elingajwayelekile. Phela i-ophera umbukiso womdlalo wokulingisa oxoxwa ngomculo wamaphimbo kanye nowokhehlegume. Umculo we-ophera uculelwa esakhiweni esibizwa ngokuthiwa yindlu ye-ophera ngoba phela sakhiwe safana nesigcawu senkundla ephansi kwezinkanyezi ebusuku sisho ngeshashalazi lapho kudlalelwa khona kanye nesigodi esibanzi esingaphambi kweshashalazi lapho kuhlala abadlali bezimfijoli kanye nokhehlegume, i-okhestra phela. Kuthiwa -ke lo mculo ulalelwa kuphela abantu abanothando olukhulu lomculo.

4 Thina –ke sinoNana noSipho besizobukela ingqayizivele ye-ophera yesiZulu, eculwa ngesiZulu. Le-ophera eqanjwe uSolwazi, uProfesa Mzilikazi Khumalo. Ixoxa umlando nempilo yeNkosazana yoHlanga u-*Princess* Magogo. Umlando odabula izibilini ngobuhlungu ube futhi uqhakambisa nobuqhawe bale Nkosazana yoHlanga.

5 U-*Princess* Constance Magogo Buthelezi wayeyindodakazi yeNkosi uDinizulu eyafela ekudingisweni, engudadewabo weNkosi uSolomon KaDinizulu kanye nenkosana eyaduma ngelika-*Prince* Mshiyeni.

6 Besengishilo-ke ukuthi lo mculo- mdlalo waqanjwa ngubani. Ababecula amasolo kwakungo Sibongile Khumalo, uKaMngoma obecula indawo ka-*Princess* Magogo, uFikile Mvinjelwa obecula eyeNkosi uDinizulu, uMhlonishwa Dlamini yena-ke obenguMnakulumane undunankulu, uLinda Bukhosini obephethe indawo ye Ndlovukazi yeNkosi uDinizulu, uBongani Vilakazi obecula indawo kaBhambatha kanye nekaNdwandwe, uWilliam Silk obedlala indawo yesotsha leNgisi elinonya nesihluku; uSiphiwe Blose obeyiNkosi uMathole Buthelezi kanye noBongani Tembe yena-ke obedlala indawo yoMntwana u-Prince Solomon. Ikhorasi yona-ke bekuyikwaya yaseMlazi yodumo okuthiwa yi-Durban Surenade. Yona yaqanjwa uSibusiso Mlangeni ongasekho. Kukhona nababedlala kanye kanye oJoyce Moholoagae, oNtombintathu Mfeka, kanye noNomthandazo Mkhize. Bona-ke basibulala ngensini ngenkathi belingisa amakhosikazi asendlunkulu ayengathandi ukucula kweNkosazana, ebona sengathi ukumosha isikhathi sokusebenza ukuqamba izingoma nokugcina umlando kaZulu. Umxoxi kwakunguSolwazi uThemba Msimang obefake imvunulo yakhe ephelele ehasha izibongo zamakhosi. Konke lokhu bekuphelezelwa kubuye kuhunyushwe ngobunono yi-okhestra yakhona lapha eThekwini ebizwa ngokuthiwa yi-KZN Philharmonic Ochestra esingethwe nguBongani Tembe ibe iphethwe nguFalithenjwa Mkhize. I-ochestra ibikhonjwa wuqweqwe lombhidi umfoka Tidboald obizwa ngoDavid. Nathi sabhema sakholwa.

7 Amazwi okubonga aphuma endodaneni yakhe uPrincess Magogo kaDinizulu, umntwana wakwaPhindangene, iNkosi uMangosuthu Gatsha Buthelezi okuthe emva kokubuka le-ophera waphawula wathi:
"Ngikwethulela isigqoko okwenziwe yi-Ophera Afrika! Isungule yahlanganisa ukubhalwa nokudlalwa kwale ophera ngempilo kamama nangomculo wakhe. Lokhu ngikubona kuyinkonzo eyisimangaliso komunye wabaculi ohlonishwayo kuleli lakithi naphesheya kwezilwandle. Kimina i-ophera iyohlala iwuhlobo lomculo oluphezulu oluveza ubungcweti bobuciko bomuntu ophila emhlabeni. Lokhu ngikusho ngoba i-ophera ihlanganisa ingcwenga yomculo nokulungisa, ubunkondlo, ukusina nokudansa kanye nekhono lokudidiyela ukusina nokudansa. Ukuzalwa kwe-ophera Afrika kimina kusho igxathu elibalulekile emizameni yethu yokuvuselela kabusha izwe lethu, i-Afrika."

(Sinothile)

1.1.1 Ngabe yini i-ophera? (2)

1.1.2 ONana babeyolalela i-ophera kuphi futhi ngaluphi usuku? (2)

1.1.3 Shono ukuthi le ophera yayikhuluma ngobani? Owayezalwa ngubani? (2)

1.1.4 Ngabe lo musho uqondise ukuthini. "Phela ngiyazifela ngomculo". (1)

1.1.5 Kungani umbhali ethi "angiwakholwanga amehlo ami" esigabeni 2. (2)

1.1.6 (a) UPrincess Magogo wabe ehlobana kanjani nenkosana uPrince Mshiyeni? (1)
(b) Bahlala kuphi abadlali bezimfijoli? (1)
(c) Yafela kuphi inkosi uDinizulu? (1)

1.1.7 I-ophera lena yadabuka phi? (1)

1.1.8 Ngabantu abanjani ababukela lolu hlobo lomculo. (2)

1.1.9 Qondanisa u A no B.

| | A | | B | |
|---|---|---|---|---|
| a) | Likhiphe ikhomazi | A. | Ngiyakuhlonipha | (1) |
| b) | Yingcwenga yomculo | B. | Into engavamile neze | (1) |
| c) | Ukhehlegume | C. | Okusezingeni eliphezulu | (1) |
| d) | Ingqayizivele | D. | Amakhaza ashubisa umnkantsha | (1) |
| e) | Ngikwethulela isigqoko | E. | i-okhestra | (1) |

1.1.10 Yini i-ophera Afrika? (2)

1.1.11 Ngubani oqambe le-ophera? (1)

1.1.12 Kulo mculo- mdlalo ikhorasi yabe iculwa ngubani? (1)

1.1.13 Ngubani obengumbhidi we-okhestra? (1)

1.1.14 Ngobani amagama abadlali ababili ababelingisa amakhosikazi asendlunkulu ayengathandi ukucula kweNkosazana. (2)

1.1.15 Nikeza igama eliphelele le-okhestra yaseThekwini. (1)

1.1.16 Esigabeni sokuqala shono ukuthi imisho emibili edwetshelwe iqukethe zifenqo zini. (2)

1.1.17 Ake ukhiphe amagama endabeni amqondofana nalawa adwetshelwe kule misho elandelayo:

a) Umculo we-ophera <u>*uhlatshelelwa*</u> esakhiweni se- ophera (esigabeni 3) (1)
b) I-ophera iyohlala iwuhlobo lomculo <u>*oluphakeme*</u> (esigabeni 9) (1)

1.1.18 a) UWilliam Silk ubedlala indawo kabani? (1)
b) Ngubani umntwana wakwaPhindangene? (1)
c) Shono ukubaluleka kwe-Opera Afrika esizweni esiNsundu. (1)

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [35]**

## ISIGABA B
## UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Funda le ndaba elandelayo bese uyifingqa ibe ngamaphuzu ayishumi kuphela. Uvumelekile ukusebenzisa amagama akho kepha indaba ingalahli umongo wayo.

**Wakhala ezimathonsi**

Umsindo kubo kaSibusiso ususwa ilab' omama abasesangweni. Bami esangweni nje nansi intombazane eqimbe ngenhla phambi kwabo. Kwavele kwacaca nje ukuthi inhloboni yecala leli. Wake wathi ukudideka unina kaSibusiso ngoba ngokwazi kwakhe akanayo insizwa lapha ekhaya. Ingani uSibusiso ufunda isikole. Ngokwazi kwakhe usewubala nje. Kambe uye ulokhu uthi unengane, kusewubusuku kanti kade kwasa!

Nakuba uThembeka ayengaziphethe kahle wayengakaze abanjwe oqotsheni. USibusiso waphika wema ngentaba esho ukuthi akanangane yena okungcono uyobona ngengane. Kwaba uzithintele kuThembeka. 'Musa nje ukudlala ngabantu abadala. Wazi kahle ukuthi amajini (genes) asebenza kanjani. Uyothini uma le ngane ivele ifuze abakini ongabazi wena?'

Baphinda emuva kanjalo-ke. Kwathi ingazalwa ingane yalethwa. Umama kaSibusiso wathi le ngane akuyona eyakwakhe. Usekhohliwe ukuthi uyibhekisa phansi naphezulu nje kwaSibusiso wamzalela ekhaya wazi uyise kuphela. Kwaphela ngeswayi-ke okwale ngane.

Uthe uSibusiso eqeda ukufundela umsebenzi le ngane yabe isineminyaka eyisithupha. Kwakumenywe nesinedolo emcimbini wejazi. Kwafika ngisho uyisemkhulu kaSibusiso ayeqala ngqa ukumbona. NoThembeka wamletha umfana wakhe ngoba wayazi ukuthi okaSibusiso. Wakhala waze waba nesilokozane unina kaSibusiso esebona ukuthi umfana kaThembeka ufana ncamashi nomkhulu kaSibusiso.

(Amagagasi)

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [10]**

## ISIGABA C
## UHLELO NOLIMI

### UMBUZO 3

3.1 Funda lesi sigatshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Ukuqomisa**

Insizwa yayeshela intombi isikhathi eside, ukukhombisa ukuthi iyithanda kangakanani.Yayingadikibali noma intombi ingayithela ngamanzi. Ngakusasa izobuya futhi isebenzise elinye iqhinga lokukhuluma nentombi, intombi yayibona lapha ukuthi insizwa iyisoka kangakanani. Intombi yayiqoma insizwa emva kokuthi seyeshele isikhathi eside esingaba unyaka noma ngaphezulu. Uma isizwa intombi ukuthi isiphelelwe amagama yayitshela insizwa ukuthi izothumela impahla (ucu), okusho ukuthi insizwa isiyehlule ngamazwi.

(Kusadliwa ngoludala)

3.1.1 Hlanganisa le misho ngesihlanganiso esifanele.
Intombi yayingahambi iyohlala nesoka ingashadile.
Intombi yayingafuni ukuzehlisa. (1)

3.1.2 Lungisa izenzo ezikubakaki lapha ngezansi
a) Kudala intombi (-shela) isikhathi eside, lokhu kwabe (-bona) ukuthi insizwa iyithanda kangakanani.
b) udadewethu (-shada) kwaSibisi, u (-shada) ngonyaka odlule. 1x4=(4)

3.1.3 Bhala lo musho ube sebuningini:
Uma isizwa intombi ukuthi isiphelelwe amagama yayitshela insizwa ukuthi izothumela impahla. ½x6=(3)

3.1.4 Phinda ubhale le misho kepha uqale ngamagama akubakaki
a) UJabulane uzophinda ashele le ntombi (ngosuku olulandelayo) (1)
b) Uma uthanda intombi kumele ukhiphe (ilobolo) (1)

3.1.5 Nikeza igama elimqondo fana nelisendabeni: iqhinga. (1)

3.1.6 Phinda futhi unike ubuningi begama elisha ku 3.1.5 bese ulisebenzisa emshweni ukuze liveze incazelo engefani nesesiqeshini. (2)

3.1.7 Bhala lo musho ube yinkulumo-mbiko
"Ucu kaluhlangani," kuzikhulumela uNtombi (3)

3.1.8 Nciphisa igama elikubakaki emshweni olandelayo:
Izenzo zika Lungile ziyabonisa ukuthi useyi (ntombi) ngempela. (1)
**[17]**

Funda lesi sigatshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

"Woza ngapha, Nomusa!"

Wathi uyeza kimi washelela otshanini. Ngajabula kakhulu ngoba ngase ngizothola ithuba lokumbamba futhi ngimsondeze kimi. Wayegqoke kahle nga<u>lelo</u> langa, ijini yakhe emnyama, nesikibha esibomvu esisamenza abe muhle njengembali. Izinwele zakhe wayezikame kahle wazibhekisa emuva. Ngiyayithanda intombazane ekama izinwele izibhekise emuva. Ngangilokhu ngiziphulula – kwakumnandi kungasayekeki. Ngase ngifisa nokumqabula ngaleso sikhathi kodwa ngabona ukuthi mhlawumbe ngiyobe senginyathele emsileni.

Safika esiqwini somuthi umqondo wami ungasekho nhlobo emkhiwaneni lowo. Nokho, ngamcela ukuba yena ahlale phansi aphumule kancane. Ngabona ukuthi ukulokhu ngigxuma kuzongenza ngibukeke njengesilima. Isihlahla sasisifushane ngakho ngabona kungcono ukuba ngivele ngisho phezulu. Ngathi uma ngithi <u>cababa</u> egatsheni elalinamakhiwane ngaphonsa iso lami ngakuye ngamfica emoyizela kamnandi. Ngathola ithuba elihle lokuba ngimbuke kahle ngiphezulu. Ngabona nokuthi ikhanda lakhe limi kahle, intamo yakhe ithe thwi okwendlulamithi. Ngazizwa sengimthanda kakhulu kunakuqala. Ngamemeza ngokushesha.

Sinothile

3.2 Nika umqondo ovezwa isijobelelo kula magama:

3.2.1 esiqwini (2)
3.2.2 izinwedlana (2)

3.3 Lungisa amagama adwetshelwe ngezansi uwabhale kahle, uphinde uwasebenzise emshweni.

3.3.1 umuthana (2)
3.3.2 umthakathana (2)

3.4 Yisho umsebenzi wesiqalo esidwetshelwe sebizo.

Amagatsha ezihlahla aphulwe umoya. (2)

3.5 Sebenzisa isabizwana esidwetshelwe kulo musho sikhombe eduze.

Wayegqoke kahle ngalelo langa. (1)

3.6 Bhala lesi senzo **ngibona** sikhombe inkathi esanda kudlula. (1)

3.7 Ngabe yini umsebenzi wohlamvu oludwetshelwe kulo musho. Bhala owakho umusho owulolu hlobo.

Ngathola ithuba lokuba ngimbuke kahle. (2)

3.8 Sebenzisa izenzukuthi ezilandelayo emshweni kubonakale ukuthi uyazazi?

3.8.1 cababa. (2)
3.8.2 thwi. (2)
**[18]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [35]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**